




Edition 70  
IsiZulu, English

It starts with a story...



Enjoy our cut-out-and-keep story on pages 3 to 6 that encourages children to take care of books!

Thokozela indaba enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina ekhasini lesi-3 ukuya kwelesi-6 ekhuthaza izingane ukuthi zinakekele izincwadi!



## Treating books as treasures

Books are expensive and so it is understandable that we want them to last. How can we help our children learn to take good care of books so that they can be enjoyed over and over again? Here are five ways.

- 1. Grow a love of stories.** We cannot expect children to treat books well if they do not love stories! When you spend time reading and enjoying stories with children, they soon learn to treasure books.
- 2. Teach by example.** Children learn more by watching us than by being told what to do. So, if you don't treat books well, you can't expect children to do so! Show them how to treat books. For example, as you read to them, turn the pages carefully, and when you have finished reading a story, return the book to its place on the bookshelf.
- 3. Expect what is reasonable.** Children need to spend time looking at or reading books on their own. It is natural for their favourite books to become worn after a while. Encourage age-appropriate book behaviour in your children.

For example, it is "normal" for babies to chew the corners of books – because they put everything into their mouths – but we wouldn't expect three-year-olds to do this. And seven-year-olds can be expected to turn the pages of a book gently, but many three-year-olds cannot yet manage this.

- 4. Create storage for books.** Help children learn to care for books by creating special places to store them. You can use shelves as well as decorated boxes and box lids.
- 5. Don't have too many rules.** Too many rules about using books are likely to destroy children's love of stories. Try to have a few simple rules that make sense to children. For example, "Let's keep water and things we drink away from books because if we spill on our books, they will get damaged." Also, "Let's make sure our hands are not sticky when we look at books because if some of the pages stick together we won't be able to read the whole story!"

As with most things in life, learning to take care of books involves time, practice and encouragement. Children will learn this so much faster if they experience the pleasure that reading and books offer.

## Ukuphatha izincwadi njengezikhali zamaNtungwa

Ziyabiza izincwadi ngakho sifuna zihlale isikhathi eside. Singazisiza kanjani izingane ukuthi zifunde ukunakekela izincwadi ngendlela efanele ukuze zikwazi ukuthokozelwa njalo njalo futhi? Nazi izindlela ezinhlanu zokwenza lokhu.

- 1. Thuthukisa uthando lwezindaba.** Angeke silindele ukuthi izingane ziphathe kahle izincwadi uma zingazithandi izindaba! Uma uchiitha isikhathi ufunda futhi uthokozela izindaba nezingane, nazo zisheshe zifunde ukuziphatha kahle izincwadi.
- 2. Fundisa ngokuba yisibonelo.** Izingane zifunda kakhulu ngokubuka esikwenzayo kunokuthi sizitshela ukuthi mazenzeni. Ngakho, uma ungaziphathi kahle izincwadi, angeke ulindele ukuthi izingane zenze njalo! Zikhombise ukuthi zizophathe kanjani izincwadi. Isibonelo, ngesikhathi uzifundela, phenya amakhasi ngokucophelela, futhi uma usuqede indaba, buyisela incwadi endaweni yayo eshalofini lezincwadi.
- 3. Lindela okungenzeka.** Izingane zidinga ukuchiitha isikhathi zibheka noma zifunda izincwadi ngokwazo. Kuyinto ezenzekelayo ukuthi incwadi eziyithandayo iguge ngemva kwesikhathi esithile. Khuthaza ukuthi izingane zakho zizophathe izincwadi ngendlela ehambisana neminyaka yazo. Isibonelo, kuyinto "ejwayelekile" ukuthi

abantwana abancane balume amachopho ezincwadi – ngoba bafaka yonke into emlonyeni yabo – kodwa angeke silindele ukuthi izingane ezineminyaka emithathu zenze lokhu. Futhi izingane ezineminyaka eyisikhombisa zingalindeleka ukuthi ziphenye incwadi kamnene, kodwa izingane eziningi ezineminyaka emithathu angeke zikwazi ukwenza lokho.


- 4. Yakha indawo yokugcina izincwadi.** Siza izingane ukuthi zifunde ukunakekela izincwadi ngokuzenzela izindawo ezikhethekile zokuzigcina. Ungasebenzisa amashalofu kanye namabhokisi ahlotshisiwe kanye nezivalo zamabhokisi.
- 5. Ungabi nemithetho eminingi.** Ukuba nemithetho eminingi ngokusebenzisa izincwadi kungase kubulale uthando lwezindaba. Zama ukuba nemithetho embalwa elula ezwakalayo ezinganeni. Isibonelo, "Ake sibeke amanzi kanye nezinto esiziphuzayo kude nezincwadi ngoba uma sithela ngakho izincwadi zethu, zizolimala." Nokuthi, "Ake siqinisekise ukuthi izandla zethu azinamfuki uma sibuka izincwadi ngoba uma amanye amakhasi enamathelana angeke sikwazi ukufunda indaba yonke!"

Njengezinto eziningi empilweni, ukufunda ukuphatha kahle izincwadi kubandakanya isikhathi, ukuzejwayeza nokukhuthazwa. Izingane zizosheshe zikufunde lokhu uma zizizwela ubumnandi obutholakala ekufundeni izincwadi.



Drive your imagination

Read to me. In my language.  
Ngifundele ngolimi lwami.





# Nal'ibali news

On 23 April 2014 (World Book Day), Nal'ibali proudly launched our Children's Literacy Charter at Constitution Hill in Johannesburg. The charter is a guide to the kind of experiences and resources all children need if we want them to become literate. We had great fun celebrating the charter's launch with songs, stories and speeches. Here are some photographs from the event.

1. Children from Duzek College and Lesedi Community College, who attended the launch, enjoy listening to a story.

Izingane ezivela eDuzek College naseLesedi Community College, ezazethamele ukwethulwa komqulu, zithokozela indaba.

2. There was plenty of time to sing at the launch!

Kwakunesikhathi esiningi sokucula ekwethulweni komqulu!

3. Award-winning author, poet and storyteller, Chris van Wyk, had the audience spellbound as he told a story!

Umbhali wezincwadi, izinkondlo nomxoxi wezindaba, uChris van Wyk, wenza izethameli ukuba zinamathele kokwenziwayo ngesikhathi exoxa indaba!

4. Carole Bloch, Director of PRAESA, spoke about the importance of stories for literacy.

UCarole Bloch, uMqondisi wakwa-PRAESA, wakhuluma ngokubaluleka kwezindaba ekwazini ukufunda nokubhala.

5. Writer and human rights' activist, Elinor Sisulu, spoke about the importance of having a literacy charter.

Umbhali nesisoshovu esilwela amalungelo abantu, u-Elinor Sisulu, wakhuluma ngokubaluleka kokuba nomqulu wokwazi ukufunda nokubhala.



Quinton van der Kevie



Tsheko Kabasija



Quinton van der Kevie



Quinton van der Kevie



Tsheko Kabasija



If you missed your copy of the Children's Literacy Charter in supplement 63, you can download it from our website, [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). It's available in 11 languages.


Uma ungayitholanga ikhophi yakho yoMqulu Okhuthaza Ukwazi Kwezingane Ukufunda Nokubhala esithasiselweni sama-63, ungawuthwebula ngokusebenzisa insiza yekhompuyutha ewebhusayithini yethu, ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Utholakala ngezilimi eziyi-11.

## Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

## Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Abanye abangani bayakunakekela. Kodwa lokhu kuyingxenye eyodwa nje yobungani. Kumele nawe unakekele abangani bakho. Sinakekela abangani bethu ngoba bebalulekile futhi beyigugu kithina. Izincwadi nazo zibalulekile futhi ziyigugu. Nazo zidinga ukunakekela.



Good friends look after you. But that's only part of a friendship. You need to look after your friends as well. We look after our friends because they are important and precious. Books are important and precious too. They also need to be looked after.

Fold

Kungenzeka ukuthi kumele ukuba uyijwayele incwadi. Ungacela omunye umuntu akusize ukuyifunda noma ungayifunda uma uskhulakhulile.



It may be that you have to grow into a book. You can ask someone to help you read it or you can read it when you're **Bigger**.



We publish what we like

This is an adapted version of *Books are friends*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Funda indaba yokuqala, *Izincwadi zingabangani*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethiekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgesi, isiXhosa, isiBhunu, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonkeizilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazingezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Fold

# Books are friends

## Izincwadi zingabangani

Carole Bloch  
Alzette Prins



Ngesinye isikhathi, kungaba nzima ukuthola abangani abasha. Uma abantu bebukeka **BEROGZI** futhi behlakaniphile kunawe, kungenzeka uzizwe **UNOVALO** noma unamahloni. Ungayeki ukuzama ngoba ngeke wazi ukuthi empeleni banjani. Ngesinye isikhathi kumele uqhubeke nokuzama kanjalo nasezindabeni.



Sometimes, it can be hard to make new friends. If people look more **exciting** and clever than you, you might feel **NERVOUS** or shy. Keep trying or you will never know what they are really like. Sometimes you should keep trying with stories too.


Ukunakekela umuntu noma into kusho ukuyivikela ezingozini ezehlukene. Ungabakhi ubuhlobo nezilwane **ERIXOBA** ezibhalile yonke into esendleleni yazo. Azinandaba nabantu nezincwadi!



Looking after someone or something also means protecting them from different kinds of danger. Keep away from **WILD STAMPEDE** animals that destroy everything in their path. They don't care about people or books!

Nothing beats a good storybook!

A storybook is a teacher, sharing ideas and giving you information.



Ayikho into ehlula incwadi yezindaba emnandi!

Incwadi yezindaba ifana nothisha, uma ebonisana nawe futhi ekunika nolwazi.

But if you take care of them, books will live on and be enjoyed by you, your friends and your family for a long time. You will find out over and over again that nothing beats a good story!



Kodwa uma uzinakekela, izincwadi ziyophila isikhathi eside zijabulise wena, abangani bakho nomndeni wakho. Uzohlale uthola ukuthi ayikho into edlula indaba emnandi!

Akuliya futhi nokuphatha abantu abayimidlwembe. Abafowethu nodadewethu abancane kungenzeka bangaqondisi ukuthi kungani kungafanele ubambe izincwadi ngezandla ezinamfukayo, uma uphetha amabhashi aconsayo, uma useduze neziqukathi ezineglu, ezixegayo noma uma uphetha izikhele ezisikayo! Badinga umuntu ozobafundisa. Bakhombise ukuthi bazinakekele kanjani izincwadi zabo nokuthi bangafunda kanjani bathakasele izindaba.



Wild humans can also be tricky to handle. Baby brothers and sisters may not understand that you shouldn't hold books with sticky fingers, dipping paintbrushes, wobbly glupots and snipping scissors! They need a helping hand to learn. Show them how to look after books and how to enjoy stories.

Fold

Ukufunda indaba nabanye kumnandi. Indaba futhi ingumngani omkhulu uma ufuna ukuba wedwa nje.

Reading a story together can be lots of fun. A story is also excellent company when you just want to be quietly alone.




Like friendships, books fade and die when they are ignored or badly treated. If you forget books in places like dark cupboards, they will become dusty and get eaten by bugs and worms. No one will read them.



Njengobungani, izincwadi ziyaphupha futhi ziguge ziphele uma zinganakiwe futhi zingaphethwe kahle. Uma ukhohlwa izincwadi ezindaweni ezifana namakhabethe asithekile, zigcwalwa uthuli zidliwe nayizilokazane. Akekho umuntu ozozifunda.

A storybook is also a boat that sails you away on adventures to strange places to see wonderful sights.



Incwadi yezindaba ifana nesikebhe esikuthwala sikuse le ezindaweni ongakaze uzibone, ukuze ubone izindawo ezinhle.

Fold

Uma uzizwa udumele noma unesithukuthezi, ukhathele noma ugula, indaba emnandi injengomngani omkhulu, ingakusiza ngokukwenza ukhohlwe yilokho.



If you feel sad or lonely, tired or sick, a good story, like a good friend, can help take your mind off things.

Most of all, a storybook is a friend. With friends you smile and laugh, you sigh and cry, you sing and shout. It's the same with storybooks.

Ngaphezu kwakho konke, incwadi yezindaba ingumngani. Uma unabangani uyamamatheka uhleke. Uphefumulela phezulu, ukhale. Uyacula umemeze. Kunjalo-ke nangezincwadi zezindaba.



Uma ukhohlwa ukuthi incwadi uyishiyephi, nalokho *kuyadabukisa*, ngoba izincwadi nazo zinekhaya. elahlaka, ngoba njengami nawe, naye unekhaya. ningalahlakelani. *Kuyadabukisa* uma umngani Uma uvakashana nomngani, nihlala ndawonye ukuze



If you forget where you've left a book, it is sad too, because books also have a home.

When you go out with a friend, you stay close so that you don't lose each other. It is sad when friends gets lost, because like you and me, they have a home.

Just like people, books have different kinds of homes. Some books live in libraries. Libraries are wonderful places because there are so many different kinds of books to choose from. You can borrow them and take them home to read.

Njengabantu, izincwadi zinamakhaya ahlukene. Ezinye izincwadi zihlala emitatsheni yezincwadi. Imitapo yezincwadi mihle ngoba inezincwadi eziningi ongazikhethela zona. Ungaziboleka uzithathe uye nazo ekhaya.





## Get story active!

Here are some story reading ideas and activities for *Books are friends for you to try*.

### Before

- ★ Introduce the story by reading the title of the story. Ask your children, "How do you think books can be friends?" Let them share their ideas with you and share your ideas with them.

### During

- ★ Put lots of expression into your voice as you read the story – especially when you read the words that are bigger or smaller than the other words, or in a different type of lettering.
- ★ Encourage your children to ask whatever questions they have or to make comments about the story.
- ★ Help your children find the letters from their names in the pictures.

### After

- ★ Invite your children to draw a picture of their favourite story characters. Let them write about their pictures – with your help, if necessary.
- ★ Read page 3 again. Encourage your children to complete this sentence in as many different ways as they can: A storybook is like ..., it ...
- ★ Look at the picture on page 6. Where is each child's favourite place to read?
- ★ Encourage your children to write a list of their own rules for taking care of books.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo ongawazama okufunda indaba kanye nemisebenzi engenziwa asencwadini ethi, *Izincwadi zingabangani*.

### Ngaphambi kokufunda

- ★ Yethula indaba ngokufunda isihloko sendaba. Buza izingane zakho, "Ucabanga ukuthi zingaba ngabangani kanjani izincwadi?" Zivumele zabelane nawe ngamacebo azo bese wabelana nazo ngamacebo akho.

### Ngesikhathi ufunda

- ★ Zwakalisa indlela ozizwa ngayo ezwini lakho ngesikhathi ufunda indaba – ikakhulukazi uma ufunda amagama amakhulu noma amancane kunamanye amagama, noma abhalwe ngendlela ehlukele.
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zibuze noma imiphi imibuzo ezinayo noma ukuthi ziphawule ngendaba.
- ★ Siza izingane zakho ukuthi zithole izinhlamvu zamagama azo ezithombeni.

### Ngemuva kokufunda


- ★ Cela izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe sabalingiswa ezibathandle endabeni. Zivumele ukuthi zibhale ngezithombe zazo – ngokusizwa nguwe, uma kunesidingo.
- ★ Funda ikhasi lesi-3 futhi. Khuthaza izingane zakho ukuthi ziqedele lo musho ngezindlela eziningi ezahlukeni ezingenza ngazo: Incwadi yezindaba ifana ..., i- ...
- ★ Bheka isithombe ekhasini lesi-6. Ikuphi indawo ingane ngayinye ethanda ukufundela kuyo?
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale uhlu lwemithetho yazo yokunakekela izincwadi.

## Reading club corner

August has a number of special days on which we can celebrate the diversity of people!

<b>August</b>	Women's month
<b>3 August</b>	International Friendship Day
<b>9 August</b>	National Women's Day
<b>10 August</b>	Author Suzanne Collins' birthday
<b>12 August</b>	International Youth Day
<b>13 August</b>	International Left-Handed Day

Suzanne Collins is an award-winning author. She wrote the novels enjoyed by teenagers (and adults!) that make up *The Hunger Games* trilogy: *The Hunger Games*, *Catching Fire* and *Mockingjay*. The first two novels have already been made into movies. Suzanne also writes for the children's television channel, Nickelodeon.



USuzanne Collins ungumbhali ozuze imiklomelo. Wabhala amanoveli athokozelwa amabhungu namatshishi (nabantu abadala!) atholakala eqoqweni elinguncwadintathu (*trilogy*) elibizwa ngokuthi i-*The Hunger Games*: i-*The Hunger Games*, *Catching Fire* ne-*Mockingjay*. Amanoveli amabili okuqala asenziwe amamuvi. USuzanne ubhalela nesiteshi sikamabonakude sezingane, iNickelodeon.

### Try some of these ideas in August

- Choose stories that show women in different roles – for example, women as mothers, sisters, leaders, artists, writers, sports women. Read these aloud throughout the month.
- Share stories with the children that explore what friendship is.
- Encourage the children to write about and to their friends.
- Tell the children the story of how on 9 August 1956, South African women fought for justice for themselves and others.
- If you have teenagers at your club, choose an extract or chapter from one of the books in *The Hunger Games* trilogy to read aloud to them.

### Zama eminye yale miqondo ngoNcwaba

- Khetha izindaba ezikhombisa amaqhaza ehlukeni abanjwa ngabesifazane – isibonelo, abesifazane njengomama, odadewethu, abaholi, ongoti bezobuciko, ababhali, abesifazane abakwezemidlalo. Zifundeni kakhulu inyanga yonke.
- Yabelana nezingane ngezindaba ezibheka ukuthi buyini ubungani.
- Khuthaza izingane ukuthi zibhale ngabangani bazo nokuthi zibabhalele.
- Xoxela izingane ukuthi ngomhla ziyi-9 kuNcwaba we-1956, abesifazane baseNingizimu Afrika babulwela kanjani ubulungiswa babo kanye nabanye.
- Uma unamabhungu namatshishi ethimbeni lakho lokufunda, khetha isigatshana noma isahluko senye incwadi ekuncwadintathu i-*The Hunger Games* ozobafundela yona kakhulu.



## Send us your reading moments and WIN!

Whether it's a photo of your child enjoying a bedtime story or a picture of them reading their first book, send us your children's reading moments to inspire others to create reading moments with their children too. Simply email your reading moment picture to [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org). If selected, your photo will appear on the Nal'ibali Facebook page, and you will receive a book to enjoy with your children, as well as a Nal'ibali T-shirt!

## Thumela izikhathi zenu zokufunda bese UWINA!

Noma ngabe isithombe sengane yakho ithokozela ukufundelwa ngaphambi kokulala noma isithombe sayo ifunda incwadi yayo yokuqala, sithumelele isikhathi sokufunda sengane leyo ukuze ukhuthaze abanye ukuba nabo benze isikhathi sokufunda nezingane zabo. Vele uthumelele isithombe sakho sesikhathi sokufunda ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org). Uma isithombe sakho sikhethiwe, sizovela ekhasini likaNal'ibali laku-Facebook, uzobe usuthola incwadi ozoyithokozela nezingane zakho, kanye nesikibha sakwaNal'ibali!



## Story corner

Here is a fable about the special relationship between a bird and a tree to enjoy reading aloud or retelling.

### The lark and the pomegranate tree by Michael Rice

Every morning, just as the sun was beginning to rise, a little lark flew from its nest, perched on a branch of a pomegranate tree, stretched its wings, lifted its head and began to sing the most beautiful song to welcome the morning light.

One morning, just as the bird had finished singing, it looked down and saw a large, ripe pomegranate lying on the ground. The pomegranate must have split open when it hit the ground, for its bright seeds lay scattered about like rich red rubies glinting in the sun.

The lark flew down and began to peck the juicy seeds. As it lifted its head to sing its delight at finding such a delicious meal, one of the pomegranate seeds got stuck in its throat. The lark got such a fright that it flew up into the morning sky.

High in the sky, with a cough and a sneeze, the lark spat out the seed. The seed fell to the earth where it landed on a rock on the side of a mountain.

The lark flew away unharmed, but the seed lay wedged in a crevice in the rock. It lay there for a many years before it began to sprout. There was no soil for it to grow in, and it was only watered once in a while by a passing shower.

Then one day, after a thunderstorm, the seed began to send out tiny, tender shoots, searching for anything to help it grow. After a long time it managed to get a good grip in the crevices of the rock, and then nothing could shift it.

Time passed. The seasons followed one upon the other. The delicate shoots gradually became roots strong enough to reach deeper and deeper into the cracks and crevices, eventually splitting the rock into pieces, while its branches reached for the sky.

And so the tree grew.

Birds nested in its branches and fed on its fruit – which fell to the ground or was scattered over the earth to fall where it may and wait for the rain to soften the ground upon which it lay.

**Tell us if you liked the story, *The lark and the pomegranate tree* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.**



Illustration by Alzette Prins  
Umdwebo wenziwe ngu-Alzette Prins

## Ikhona lezindaba

Nansi inganekwane emayelana nobudlelwane obukhethekile phakathi kwenyoni nesihlahla ozothokozela ukuyifunda kakhulu noma ukuyixoxa kabusha.

### Inqomfi nesihlahla sehalananda nguMichael Rice

Njalo ekuseni, ngesikhathi ilanga lisaphakama, kwakundiza inqomfi elincane lisuka esidlekeni salo esilenga egatsheni lesihlahla sehalananda, lelule amaphiko alo, liphakamise ikhanda lalo bese liqala ukucula ingoma emnandi yokwemukela ukukhanya kwasekuseni.

Ngelinye ilanga ekuseni, ngesikhathi inyoni iqeda ukucula, yabheka phansi yabona ihalananda elikhulu, elivuthiwe liphansi. Kungenzeka ukuthi ihalananda lalihlephuke phakathi ngesikhathi liwela phansi, ngoba izinhlamvu zalo ezikhazimulayo zazisakazeke yonke indawo zifana namarubhi abomvu ngokujijile ebenyezela elangeni.

Inqomfi lehlela phansi laqala ukudla izinhlamvu ezigcwele ijusi. Ngesikhathi lisaphakamisa ikhanda lalo ukuze liculele ukubonga lesi sidlo esimnandi kangaka, enye yezinhlamvu zehalananda yanamathela empinjeni walo. Inqomfi lethuka kakhulu laze landizela phezulu esibhakabhakeni sasekuseni.

Lakhuphukela phezulu esibhakabhakeni, lakhwelela lase lithimula, lakhafula inhlamvu. Inhlamvu yawela emhlabeni edwaleni elisezintabeni.

Inqomfi landiza lingalimalanga, kodwa inhlamvu yahlala emfantwini wedwala. Yahlala lapho iminyaka eminingi ngaphambi kokuthi iqale ukuhluma. Kwakungekho nhlabathi engakhula kuyo, yayichelelwa imvula edlulayo njalo emva kwesikhathi esithile.

Ngelinye ilanga, ngemva kokuduma kwezulu, inhlamvu yaqala ukukhipha amahlumela, ifuna noma yini engayisiza ukuthi ikhule. Ngemva kwesikhathi eside yakwazi ukubambelela emfantwini wedwala, kwakungasekho lutho olungayisusa.

Kwedlula isikhathi. Kwedlula izinkathi zonyaka enye emva kwenye. Amahlumela ayethambile aze aba yizimpande ezinamandla kakhulu ezikwazi ukungena zijule endaweni eklayekile nasemifantwini, ekugcineni zahlakaza idwala laba yizingcezu eziningi, ngesikhathi amagatsha ayo ekhula ebheke esibhakabhakeni.

Sakhula kanjalo-ke isihlahla.

Izinyoni zakha izidleke emagatsheni aso zase zidla izithelo zaso - ezaziwela phansi noma zisakazeke emhlabeni noma ikuphi lapho zazingawela khona bese zilinda imvula ukuthi ithambise inhlabathi ezaziwele kuyo.

**Sitshele ukuthi ngabe uyithandile yini indaba ethi, *Inqomfi nesihlahla sehalananda* – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.**

## In your next Nal'ibali supplement:

- The role of books and reading in childhood
- Dear Nal'ibali: letters and SMSes you sent to us
- A cut-out-and-keep book, *Young Lion and Little Brown Monkey*
- Collect the Nal'ibali characters: Mme wa Afrika
- A zigzag book, *Look at me!*

Did you know Nal'ibali supplements come in a range of South African languages? Visit the "Supplements" section at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) to download supplements in English-IsiXhosa, English-IsiZulu, English-Sesotho and English-Afrikaans.

Find us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sithole ku-Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)



## Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Iqhaza lezincwadi nokufunda ngesikhathi useyingane
- Nal'ibali Othandekayo: izincwadi nama-SMS enisithumelela wona
- Incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina, *UBhubesana noNkawana Onsundu*
- Qoqa abalingiswa bakwaNal'ibali: Mme wa Afrika
- Incwadi emazombezombe, *Ngibheke!*

Ngabe bewazi ukuthi izithasiselo zakwaNal'ibali zitholakala ngezilimi eziningi ezahlukene zaseNingizimu Afrika? Vakashela isigaba esithi "Supplements" ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze uthwebule izithasiselo ngesiNgesi-IsiXhosa, IsiNgesi-IsiZulu, IsiNgesi-IsiSotho nangesiNgesi-i-Afrikaans.

